KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Itshelejuba District Hospital

# ITSHELEJUBA NEWS

STAY INFORMED

JULY—SEPTEMBER 2022

## MANDELA DAY– 18 JULY




Doves Funerals workers (Nondumiso Khumalo from the left and Gazilakhe Mngomezulu to the Right) with a professional nurse from paeds ward (PP Ntshangase) has taken an initiative to come to Itshelejuba District Hospital on Mandela Day and perform their 67 Minutes in the Paediatric Ward with little give away (toys). Toy cars, dolls, puzzles, snakes and ladders. Doves Funerals has taken it up to themselves to make the kids happy and to show them that someone out there is thinking about them and also wish them a speed recovery. Kids are happy souls and they always appreciate a little things given to them and they thank with a smile.

# MANDELA DAY—PHOTO GALLERY





**Ms. Nondumiso Khumalo giving toys to the children separately according to their gender in Pediatric ward. Children were very happy to be given toys.**





# ISIBAYA SAMADODA ENDAWENI YASEMPAKAMA



**UMrs BNC Mbatha(MMC,THP, CHW's) Co-ordinator emukela uMntwana uNhlanganiso Zulu ukuba asukume akhulume nabantu besilisa endaweni yaseMpakama.**



**UMntwana uNhlanganiso Zulu eluleka abantu besilisa ngokuba yindoda eqotho ekhaya nasemphakathi.**

ISibaya Samadoda uhlelo olwenzelwe abantu besilisa ukubafundisa ngokubaluleka kokuba indoda ekhaya nasemphakathi. Lolu hlelo lwasungulwa uMntwana uNhlanganiso Zulu. Okuhlanganisa nokubaluleka kokusoka kwabantu besilisa okubavikela ezifweni ezithathelana ngokocansi. Umphakathi waseMpakama ubuphume ngobuningi bawo ukuzolulekana nangokukhuliswa komfana ngenhlonipho eze efike esigabeni sokuba indoda noma inhloko yomuzi wakhe. Kube sekuvulwa inkundla yokuthi indoda nendoda ibeke umbono wayo ngalolu daba. Lolu hlelo Isibaya Samadoda lusiza abantu besilisa ukuba bavuleke umqondo ngendlela ababuka ngayo impilo. UMntwana uNhlanganiso Zulu ugcizelele kakhulu inhlonipho kubantu besilisa okungaba isekhaya kubo nasemphakathini. Umphakathi uluthokozele kakhulu loluhlelo lweSibaya Samadoda ngoba uzuze lukhulu.



**Kube sekuvulwa ithuba lokuba amadoda ake aphefumule ebeka izinqinamba abahlangabezana nazo emakhaya nasemphakathini.**



KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

KwaZulu-Natal Department of Health
KZN Department of Health
kznhealth
@kznhealth

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# ISIBAYA SAMADODA ENDAWENI YASEMPAKAMA



**Umphathi wohlelo uMr M.R. Mhlongo naye esika elijikayo, ngolwazi analo ekubeni indoda eqotho nehloniphekile**



**Mfundisi TH Khanyi ubekhona esihlephulela izwi lenkosi.**




**Usihlalo kaSukuma Sakhe (SOS) uMr T. Masondo naye usukume wasika elijikayo, egcizelela khona ukuthi makubuyelwe emasisweni.**



**Inkosi yasendaweni yaseMpakama yasukuma namazwi okubonga nokuluncoma loluhlelo ukuthi luzosiza kakhulu.**

# ISIBAYA SAMADODA-PHOTO GALLERY

**EZEMPILO ZAZIKHONA NAZO UKUZOSIZA LABO ABAFISA UKUSIZAKALA KODWA BASHAYWE UBUDE BENDLELA EYA ESIBHEDLELA UKUZE BEZOSIKALA.**



LAPHA KUHLOLWA KHONA UMFUTHO WEGAZI




LAPHA KUHLOLELWA KHONA AMEHLO (EYE CLINIC).



LAPHA KUHLOLEWA KHONA LONKE UHLOBO LOKUGULA.



KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
KwaZulu-Natal Department of Health
KZN Department of Health
kznhealth
@kznhealth
GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# FIRST AID TRAINING WITH DO MORE FOUNDATION




Mrs. HG Theron (QAM) visited Belgrade community at Thusong Centre for first aid training with DO MORE Foundation. Training was attended by 0-5 years crèche principals and practitioners. The training was based to ABCD(A– Airway, B-Breathing,& C-Circulation & D-Do not delay start immediately). Mrs. Theron taught about the amount of blood human has in the body, she also taught about how to stop bleeding in a child and to adults, how to give a First Aid to a person with a broken arm or leg. She also taught about how to help a person who drowned in the water if he/ she is still breathing (AR) and not breathing anymore (CPR). Attendees really enjoyed the training and showed that they understood what they are taught because after being taught they applied what they are taught by acting with dolls and to each other.

# FIRST AID TRAINING WITH DO MORE FOUNDATION




MRS THERON EDUCATING ABOUT HOW TO BANDAGE A BROKEN ARM AND HOW TO FIX THE BONE SO THAT A PERSON WILL NOT FEEL PAINS.



PRINCIPALS AND PRACTITIONERS DEMONSTRATING AS THEY WERE TAUGHT TO SHOW THAT THEY UNDERSTOOD WHAT WAS BEING TAUGHT.



MRS THERON ALSO TAUGHT ABOUT HOW A DROWNING PERSON CAN BE HELPED TO BREATHE AND REMOVE WATER FROM THE STOMACH SO THAT THE HEART WILL BEAT PROPERLY.




PRINCIPALS AND PRACTITIONERS DEMONSTRATING (CPR&AR) AS THEY WERE TAUGHT .

# HOSPITAL WALKWAYS RENOVATIONS

## MAIN KITCHEN PAVEMENT

**BEFORE**



**AFTER**



## WALK WAY FROM MATERNITY TO ISOLATION II

**BEFORE**



**AFTER**



## MAINTAINANCE WORKERS INSTALLING LIGHTS ON THE WAY FROM OPD UP TO MEDICAL WARD

**BEFORE**



**AFTER**



# BREASTFEEDING WEEK

Breastfeeding is an amazing way to protect new-born babies and infants; quite simply, it saves lives. Breast milk is a superfood for babies and a powerful, natural antidote to hunger and disease. Breastfeeding ensures babies get all the energy, nutrients and water they need to develop and it also keeps the infant safe from life-threatening dangers such as unclean water or bacteria in food. To minimise the risks of infections and other illnesses, infants should begin breastfeeding within the first hour of life and continue to breastfeed exclusively – that is, without any other foods or liquids – for six months, and then with complementary food for up to two years and beyond.


PHOTO: GENNA NACCACHE/SAVE THE CHILDREN

BREASTFEEDING SAVES LIVES

# BREASTFEEDING WEEK

**at Itshelejuba Hospital-Gateway Clinic.**




**ABASEBENZI BASEGATEWAY CLINIC BEBUNGAZA IVIKI LOBISI LWEBELE BEFUNDISA OMAMA NGOKUBALUKEKA KOBISI LWEBELE EGATEWAY CLINIC**

UMnyango weZempilo ubungaza iviki lokuncelisa ubisi lwebele, lapho kukhuthazwa khona omama bezingane ngokubaluleka kobisi lwebele. Ubisi lwebele lungumsoco enganeni lwakha izicubu luphinde luqinise namathambo emzimbeni wengane. Ingane encela ubisi lwebele inomehluko omkhulu kunengane encela ubisi lwethini. Kubuye kwagqugquzelwa nokuthi ubisi lwebele lwakha ubudlelwane obukhulu phakathi kukamama nengane. Ingane encela ubisi lwebele iyavikeleka ezifweni eziningi okubalwa kuzo umdlavuza webele, isifo samathambo, isifo senhliziyo kanye nesemithambo yegazi. Ukuncelisa ibele kuthuthukisa ukukhula kwengqondo yengane.

**PHAMBILI NGOBISI LWEBELE!!PHAMBILI!!**

# BREASTFEEDING WEEK

## at Mboloba Area

MADE BY MOM
A Gift for Life



ABASEBENZI BASEPONGOLA CLINIC BEBUNGAZA IVIKI LOBISI LWEBELE BEFUNDISA OMAMA NGOKUBALUKEKA KOBISI LWEBELE EMBOLOBA AREA.



ABASEBENZI BASE PONGOLA CLINIC BEBUNGAZA USUKU LWEBELE EMPAKAMA AREA NOMAMA BEZINGANE BEBAFUNDISA NGOKUBALULEKA KOBISI LWEBELE.



ABASEBENZI BASEPONGOLA CLINIC BEBUNGAZA IVIKI LOBISI LWEBELE BEFUNDISA NOMPHAKATHI NGOKUBALULEKA KOBISI LWEBELE EMAVITHI AREA.




ABASEBENZI BASEPONGOLA CLINIC(CHW) BEBUNGAZA IVIKI LOBISI LWEBELE BEFUNDISA NEZIGULI NGOKUBALULEKA KOBISI LWEBELE EPONGOLA CLINIC.



KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

KwaZulu-Natal Department of Health
KZN Department of Health
kznhealth
@kznhealth

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# SCHOOL HEALTH AT MASITHOKOZE PRIMARY SCHOOL– PHOTO GALLERY




**LEARNERS OF MASITHOKOZE PRIMARY SCHOOL ATTENDING THE SCHOOL HEALTH PROGRAMME.**

School Health team under Ncotshane Clinic presented Department of Health at Masithokoze Primary School talking about the services rendered by School Health in schools. They were talking about the importance of making schools to be health promoting schools. Screening and assessments of children for early detection of health problems and refer them to the relevant facilities, for eye care, dental care, ear problems, psychosocial problems, assessing for signs of all kinds of abuse and giving health talks on the effects of teenage pregnancy and substance abuse. They were also giving immunization e.g. human papilloma on virus (HPV) on grade five girls 9 years and above in public and special schools, tetanus and diphtheria (TD) to children at 6 years both boys and girls and also at 12 years. The community members, teachers and all stakeholders were there to attend the School Health.

# SCHOOL HEALTH AT MASITHOKOZE PRIMARY SCHOOL



**SISTER P DUBE EDUCATING PEOPLE WHO ATTENDED THE SHOOL HEALTH PROGRAMME ABOUT THE SERVICE RENDERED BY DEPARTMENT OF HEALTH.**



**MASITHOKOZE PRIMARY SCHOOL EDUCATORS WERE THE PART OF SCHOOL HEALTH PROGRAMME.**



**THE COMMUNITY WAS ALSO THERE TO ATTEND THE PROGRAMME**



**PRINCIPAL OF MASITHOKOZE PRIMARY SCHOOL CONVEYING HIS WORDS OF GRATITUDE TO ALL WHO WERE THE PART OF THE PROGRAMME**

# PHAMARCY MONTH– SEPTEMBER 2022



**ABASEBENZI BASEPHARMACY BEBUNGAZA INYANGA YEPHARMACY EPONGOLA TAXI-RANK.**

Abasebenzi basePharmacy bebungaza inyanga ye-Pharmacy nomphakathi kanye nabasebenzi basePongola  ngokubahambisela iPharmacy kubo. Ngomhlaka 14 September 2022, abasebenzi basePharmacy bahambisela umphakathi nabasebenzi basoPongola iPharmacy kubo ePongola Taxi Rank. Babebalethele lonke usizo ababengaludinga njengoba abanye befisa ukuya esibhedlela ukuze basizakale kodwa ngesimo somsebenzi bagcine bengakhoni ukufinyelela esibhedlela noma emtholampilo. Izinhlelo zasesibhedlela zaziphumile ukuzosiza abantu abafuna ukuhlola umfutho wegazi, i-Pap Smear, Circumcision, HIV status, TB kanye noshukela. Abantu baphuma ngezikhathi zabo zokudla bazothola usizo kanjalo nabasebenza ematekisini, omama abadayisa phandle nabanye ababethi baya esibhedlela basale sebesizakala khona. Umphakathi waluthokozela kakhulu usizo kakhulukazi intsha.

# PHARMACY MARCH at Pongola Taxi Rank-
# PHOTO GALLERY












# ABASEBENZI BASE NCOTSHANE CLINIC BEFUNDISA NGESIFO SE-TB KANYE NOMDLAVUZA



## ABASEBENZI BASENCOTSHANE CLINIC BEFUNDISA NGESIFO SOFUBA(TB) KANYE NOMDLAVUZA (CANCER)

Abasebenzi baseNcotshane Clinic bebambisene nesibhedlela kanye nonompilo bendawo(CHW) baphume baya emphakathini ophila nokukhubazeka ukubafundisa ngesifo sofuba (TB) nesomdlavuza(Cancer) njengokuhlukana kwawo ukuthi bengazivikela kanjani asebenayo nalaba abangenayo ukuba bengakugwema kanjani ukutholwa ilezi zifo. Bagcizelele kakhulu ukuthi kubalulekile ukusheshe uzihlolele ngalezi zifo ukuze zizosheshe zilapheke. Baphinde babuyisa ithemba ebantwini ukuthi umdlavuza uyalapheka uma utholakale kusenesikhathi.Lolu hlelo lube impumelelo kakhulu nomphakathi waluthokozela.

# HERITAGE DAY -24 SEPTEMBER



**The Chief Executive Officer: Mrs TM Vilakazi addressing the importance of celebrating the Heritage Day in the Institution.**

Heritage day reminded us of who we are, where we are coming from and how together we may craft the way forward to excellent service delivery. It reminded us that we need each other to succeed.

As a leading team we take this opportunity to thank our staff the soldiers who demonstrated a culture of risking life or self sacrifice to save and serve the nation during Covid 19 era. **Siyabonga!!**

We are learning from the founding members of Itshelejuba who build the organisational culture based on trust, involvement, integrity and fairness.

We celebrate culture and embrace diversity of our organisation so that the sub-district may be continuously turned into a smooth working environment.

Value diversity, embrace cultural pluralism so that rights of all groups are respected and uniqueness acknowledged as they are all contributing to the organisation.

# HERITAGE DAY - 24 SEPTEMBER

## ITSHELEJUBA HOSPITAL




ABASEBENZI BASESIBHEDLELA ITSHELEJUBA BEVUNULE BECONSA, BEKHOMBISA UKUZIQHENYA NGAMASIKO ABO, BEGQOKE NEMVUNULO NGOKWEHLUKANA NGOKWAMASIKO ABO NGE-HERITAGE DAY.







KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

KwaZulu-Natal Department of Health
KZN Department of Health
kznhealth
@kznhealth

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# WORLD RABIES DAY-26 SEPTEMBER-
# Etshelejuba Hospital



**MP Mathonsi (IPC Manager) efundisa emtholampilo wase Altona ngesifo samaRabi**

MP Mathonsi (IPC Manager) efundisa ngokuthi umuntu engazivikela kanjani esifweni esitholakala ngezilwane ezifuywe emakhaya esibizwa ngamaRabie(Rabies). Ufundise ngokuthi uma umuntu eselunywe yinja okungaba ingane encane noma umuntu omdala kumele bemugeze ngamanzi anensipho lapha alimele khona baphinde bafake i-Sanitizer esilondeni ukuze kuzoma amagciwane angangeni egazini. Bafike emtholampilo sekungconywana. Waphinde wagqugquzela ukuthi uma emphakathini kufike izimoto ezijova izinja namakati bengadebeseli kodwa baye ukuze bezovikela izilwane zabo kulesi sifo samaRabie. Abantu basithokozele lesisifundo

ngoba bebebuza nemibuzo baphenduleke ukuze bezocaciseleka ngalesi sifo kakhulukazi kwabazingelayo. Wahambela isikole Esinqeni Primary School, Altona Clinic waphinde wafundisa neziguli ezazize esibhedlela Itshelejuba Hospital. Waphinde wanikezela ngezincwadi okumele abantu bazifunde ukuze bezoba nolwazi ngalesisifo wathembisa nangokubalekelela ngabantu abangabagomela izilwane zabo njengesiphakamiso somunye womphakathi waseNtumbane owacela ukuthi nangakubo bafinyelele abajova izilwane.



# WORLD RABIES DAY-26 SEPTEMBER- Etshelejuba Hospital



MP Mathonsi ( IPC Manager) elekelelana noSphe Ngwenya (Phamarcy Assistant) Esinqeni Primary School ukufundisa othisha nezingane ngesifo esitholakala ezilwaneni ezifuywe emakhaya(Rabies) nokuthi sigwemeka kanjani futhi zilapheka kanjani.



MP Mathonsi no Sphe Ngwenya e-Altona Clinic be-fundisa umphakathi ngesifo samaRabi ukuthi singa-vikeleka kanjani, mase sikhona silapheka kanjani.



MP Mathonsi nozakwabo e-Tshelejuba Hospital befundisa umphakathi ngesifo samaRabi ukuthi singavikeleka kanjani, mase sikhona silapheka kanjani.

# ACKNOWLEDGEMENTS

## EDITORIAL TEAM



**MRS. T.M VILAKAZI**

**CHIEF EXECUTIVE OFFICER**

**CHIEF EDITOR**



**MISS N.O MLONDO**

**ACTING PRO**

**WRITER & PHOTOGRAPHER**



**MISS F KUNENE**

**PR—INSERVICE TRAINING**

**WRITER & PHOTOGRAPHER**